*Kikilikiki!* Kukhala iqhude, livusa uWenzile ebuthongweni.

KwakungoLwesihlanu ekuseni, ilanga uWenzile alithanda kakhulu.

Imicabango yakhe ibisohlelweni lwakhe lwantambama.





Wagxuma embhedeni wacishe wenyela iqakala.

Wayelangazelele imisebenzi yosuku kanye nomsebenzi wesikole. Wayejabulile, engakwazi nokulinda.

Ujaheni, Wenzile?

Waziphonsa ebhavini wageza ngokushesha!

Washesha elungiselela ukuya esikoleni.

Ujaheni, Wenzile?





Washesha kakhulu ukuze abe ngowokuqala endaweni yokuhlangana. Wacishe wawa.

“Uma ngijaha, usuku nalo luzojaha,” uWenzile uyacabanga, eziqinisa.

Ujaheni, Wenzile?

Ekilasini, wajaha emsebenzini wakhe wesikole. Waba ngowokuqala ukuqeda iZibalo, nanoma enze amaphutha athize. Wayelangazelele ukuthi ilanga lesikole liphele.

Ujaheni, Wenzile?





Ekugcineni, insimbi yokugcina yosuku yakhala.

UWenzile wagijima ephuma esangweni, wacishe wawa.

Ujaheni, Wenzile?

Umama wakhe wahamba kancane eqonde ngakuye.

"Shesha, mama, ukuze sizofika ngokushesha laphaya!"

Umama wakhe wayethembise ukuhamba naye endaweni yokubhukuda kanye nomzala bakhe.





Wazuba, wagijimela duzane.

Ithe nje ukuma imoto duze nephuli, uWenzile wayengasakwazi ukulinda.

Wafaka izinyawo zakhe ukuze ahlole ukuthi amanzi abanda kangakanani.

Chapha! Wangena phakathi.

Wanela ukungena, wezwa into ezwakala sengathi yikhwela ngenkathi amanzi aqala ukugcwala ezindlebeni zakhe.

Wayeqhaqhazela ngamakhaza.

Unyawo lwakhe luthe amanzi ayafudumala kepha isifuba sakhe sathi amanzi ayabanda.

Wabuyela emotweni ezwa amakhaza kakhulu futhi ezisola.

Umama wakhe wamnikeza ithawula elisha, elifudumele, elintofontofo ukuze azesule ngalo.



Wafika endlini edonsa izinyawo, waziphonsa kusofa walala.

UWenzile wayengakhathaliswanga ukubhukuda. Cha! Wayekhathaliswe ukujaha kukho konke ayekwenza ngalolo suku futhi agcine engaqedanga kahle nokukodwa.